# *UkuKhululwa Okuphelele*

Bengithe nje ukungazi ukuthi ngizothini kulokhu ukusa. Bengihlezi emuva lapho noMfowethu Egan, ngase ngizwa . . . uMfowethu Neville ubesho into ethize, futhi ebuka ngakimi. Ngase ngithi kuMfowethu Egan, "Ubiza mina na?"

Wayesethi, "Unjalo."

2 Futhi manje-ke sengilapha phezulu lapha ukuba ngisho into ethize kulokhu ukusa. Bengicabanga, ngenkathi bengi . . . Ifeni lapho, lapho aba . . . idonsa iphimbo, ibonakala nje ilihosha ngqo, uma ukhuluma. Kubonakala sengathi ifeni ilisusa ngqo iphimbo.

Bengizwa kakhulu . . . ubufakazi ngenkathi ngiphakathi lapho ukuba ngikhulekele owesifazane efonini. Nalo othole umlayezo, wakhohlwa ukubeka idolobha lendawo ukuthi kushayelwe kuphi, uvela kumkaDr. Morrison. Futhi ngizonitshela nje engikwenzile, ngomkhuleko wenu nonke, nowami. Ngibeke izandla efonini, ngase ngikhomba enombolweni, noma ngabe bekukuphi, ngase ngicela uMoya oNgcwele ukuba uye kowesifazane. Ngakho ngicabanga ukuthi Ubezokuzwa ngokufanayo nje njengoba Ubezokwenza ukuba besi . . . Niyabo? Ngase nje ngiyibeka phansi. Futhi kungahle ukuba yingaleyondlela iNkosi ebikufuna ngayo. Niyabo? Kungahle ukuba bekungangcono kanjalo.

3 Futhi manje-ke ngizwe izimfakazo ngenkathi ngisephakathi lapho, ngomunye ethi uDadewethu Rook ube . . . ngikholwa ukuthi uMfowethu Neville uthe ubeno—nokuphazamiseka kwengqondo, okufana nakho. Asibambelele kuNkulunkulu ngalokho, sikhumbula nje lento eyodwa: uNkulunkulu uyabazi abaKhe uQobo. Wazi konke ngabo.

4 Nizwa kahle ngemuva na? Uma ningezwa, kunezihlalo ezinye ezingenamuntu phezulu lapha. Ningashintsha uma nifisa. Futhi, asibone, ngabe *lena* yimayikhi enkulu na? [Umfowethu uthi, "Qhabo, mnumzane."—] Lena e*ngapha* yimayikhi enkulu na? Okeyi. Sizobona ukuthi uma singathola leyo ithi nje ukusondela kakhudlwanyana. Kukanjani khona ngapha lapha, Gene na? Lokho kuzoba kuhle nje. Futhi ngezinye izikhathi ngithi nje ukusha izwi kancane; kade ngishumayela kancanyana impela. Sekungcono na? Nikuzwa kangcono lokho na?

5 Futhi sibakhumbula ngempela laba emkhulekweni. Futhi sifuna ukubika umhlangano omuhle kakhulu kusukela ezansi e . . .

Ngabe ngibuka uDadewethu Rook na? Bengicabanga ukuthi ngibuka inenekazi emuva lapha ebelifana naye. Ngacabanga,

"Ngempela angikhulumi idabuli lapha." Ngibuka omunye obefana naye, ngasemuva. UseSibhedlela iSaint Edward's.

6 Futhi ngakho, eCleveland, eTennessee, kanti futhi naseCalifornia, saba nemihlangano emihle kakhulu. INkosi yabusisa kakhulu, nezinto eziningi Eyazenza. Futhi siyajabula ngalokho. Siyajabula singabuyela kwabakithi uqobo, sibika ukulunga nesihawu sikaNkulunkulu. Yileyondlela abenza ngayo eBhayibhelini.

7 Bengithokozela uMfowethu Neville, noma umkhuleko kaMfowethu Beeler, ukuthi ubakhulekele kanjani abantu, futhi—futhi ecela usizo nesihawu. Futhi uma nje sizohamba sibuka, uhlala njalo, yonke into eyenzekayo, uzothola ukuthi kunento ethize eyiyo ngokoqobo ngayo. Kwase kuthi-ke ngenkathi uMfowethu Neville efika wayeseletha lamadikoni, nokunye nokunye, enhla lapha emsamo, uku—ukumemezela izibusiso zikaNkulunkulu phezu ko—komnikelo webandla, ngimzwile ekhuluma emkhulekweni wakhe kuNkulunkulu, mayelana nalawomadoda, ukuthi akhulekelana kanjani. Nalokho kungenzela okuhle ukuzwa umelusi ongakhulekela phezu kwamadikoni akhe, namadikoni abuye akhulekele umelusi. Uma ubona ibandla lingena ekubambisaneni okunjalo, awu, ikhona into ethize ezokwenzeka. Yileyondlela ibandla elizofanele lihleleke ngayo. Futhi nje kunginikeza umqondo ngendikimba. Bengizokhuluma ngesibusiso eKadeshi, nokwenqatshwa kokuzwa kombiko wezinhloli, kodwa-ke ngawushintsha umqondo wami, waya kwenye into ethize-ke.

8 Futhi manje, mayelana nokuphiliswa, nginobufakazi obuncane nje engithanda ukubunikeza. Bengisemathembeni okuthi bengizobona umfana wami, uBilly, emuva lapho, kodwa unabo ephaketheni lakhe.

NoBilly uya ngokuba ngcono emihlanganweni, kunalokho ayevame ukuba yikho. Wayenokwethuka, enokwenyela, futhi wayethi ukutshela abantu, "O, hambani nihlale phansi. Hambani nihlale phansi." Athi, "Ngizo—ngizoninika ikhadi lomkhuleko." Kodwa ngiqaphelile, maduzane nje, kuba nabantu emhlanganweni abadabukela kakhulu nje. Uma engenamakhadi omkhuleko asele, khona-ke uyobabeka ekamelweni ukuze ngihambe ngiyobakhulekela.

9 Nento enjalo yenzeka eChicago, esikhathini esadlula. Futhi ngithanda ukufunda leyoncwadi uma engena. Angizange ngikwazi ukuthola ukumbona. Ubengazi ukuthi bengiza kulokhu ukusa, ngapha, futhi—futhi ngifuna—ngifuna incwadi. Kodwa nje ngicabange ngayo ngenkathi ngicabanga ngokuningi kakhulu ukugula. Futhi nansi indlela engayo. Yincwadi eqinisekisiwe e . . .

Bengifunda ephepheni, (angizange; ngitshelwe) ukuthi lapho amaphepha ayegxeka khona uOral Roberts, ngokukhulekela

owesifazane owayenesifo sikashukela wayesefa. Futhi mina, manje, njengoMmelika, ngi—ngithanda ukulalela imithetho ne—nendoda esegunyeni. Kodwa ngicabanga ukuthi lokho akulungile. Ngiyamangala ukuthi bebengavuma yini ukubeka, ephepheni, wonke lowo uOral Robert amkhulekele futhi waphiliswa, odokotela abase bebenqabile. Ngiyamangala, bakushintshanisa kubuye ngqo ngapha kanye, niyabo. Bebengeke bakwenze lokho. Bese kuthi-ke ngicabanga ukuthi mhlawumbe uDeveli ubaphithanise kanjalo nje, lokho, noNkulunkulu ekuvumela, ukuthi uSuku lokwaHlulela bayodingeka baphendule ngalokho. Kodwa ngazi ngezinkulungwane zabantu uOral Roberts abakhulekele, obefa, futhi basindile.

10 Ngakho, niyabo, bona, abanabo ubulungiswa ngakho. Bayokwethula uhlangothi lwabo, uhlangothi lokugxeka, kodwa abayikulwethula olunye uhlangothi. Manje, iphepha lifanele ligcine umphakathi usemgqeni ngezehlakalo esenzekayo. Manje-ke ngiyacabanga, uma izidalwa ezingabantu zinokunakana, uma omunye ethola ukuphiliswa, ephiliswe ngempela, lonke iphepha eUnited States belifanele liqukathe udaba lwakho. Kodwa ungeke ubaqashe ukuba bakwenze. Qhabo. Uthatha into ethize efana naleyo lapho, bayogigitheka futhi bakuhleke, bese bekubuyisela emuva. Kodwa manje uma kukhona noma yini yokugxekwa. . . Kuyakhombisa nje ukuthi lesisizwe sesilungele ukwahlulelwa. Kunjalo. Futhi kuzofanele kube nokwahlulelwa, futhi akukho-ndlela yokuphunyuka kukho. Futhi banqwabela kuphela umlilo phezu kwamakhanda abo, nokunye nokunye. Nokunje uku—uku. . . bahlukanisa ebunyeni, emigomweni! Iphepha, imigomo yalo, ukwa—ukwazisa umphakathi nganoma yini enhle noma embi, eyenzekayo. Kodwa baqhelile emigomweni yabo. Futhi uma beqhelile emigomweni yabo, khona-ke a—abazukuyisebenzela inhloso yabo kahle.

11 Naleyo yindlela efanayo okungayo ngebandla. Uma ibandla liqhelile emigomweni yalo, lingeke neze labasebenzela abangcwele kahle. Sifanele sihlale ndawonye, sifanele sihlanganiswe ebunyeni. Sifanele sibe nhliziyonye nokuzwana kunye. Kungenjalo, asisoze samsebenzela uNkulunkulu noma abantu, ngaphandle uma sinhliziyonye nokuzwana kunye, ukuba sime ngemigomo yeBhayibheli nezinto uNkulunkulu athe ilungile. Sifanele njalo sime ngayo.

12 UBilly wanamathela ekamelweni, eChicago, u. . . Omunye ufika kuye, owesifazane nomyeni wakhe, enomdlavuza emaphashini, efa. Nomkakhe wayeyisiguli sepholiyo esesihlweni esinamasondo, naye ezama ukunakekela indoda okwakul'khuni ukuba isukume, inomdlavuza ephashini layo. NoBilly wathi kuyo, wathi, "Ngi—ngiyaxolisa, mnumzane."

Wathi, "Bengingakujabulela ukukunika ikhadi lomkhuleko." Wayesethi, "Kodwa a—angisenalo elinye elisele."

13 Wayesethi, "Awu, kulungile, mfanyana." Wathi, "Lokho kulungile." Wathi, "Sizamile ukufika lapha, kodwa akulula kakhulu kithi."

14 UBilly wathi, "Ngiyakutshela ukuthi yenzani." Wathi, "Ngizothola ubabayi. Futhi ngizomngenisa, futhi ngizomkhipha." Wayesethi, "Ngenkathi ngenza, uyothi nje ungezwa uMlayezo wakhe," wathi, "khona-ke uthole owakho . . . noma umkakho nawe, bese ningena ekamelweni elincane lapho lapho ngedlula khona, futhi ngizothi akanikhulekele."

15 "O," wathi, "lokho kwethembekile, ndodana. Lokho kwenele du." Niyabo? Kune—kunesimo sokuziphatha. Niyabo? "Kwenele du. Lokho kuhle." Niyabo?

16 Nangalobobusuku, uBilly, ngenkathi eya emuva lapho, kusalokhu kumelene nalokho ayekushilo, ukuthi wayenomlamu wakhe lapho owayopha enomopho omningi osuka emaphashini. Nos'bali wakhe lapho, owayopha kusuka esiswini, enezilonda, futhi ukuthi babengene nabo, uhlobo lokuba ngasohlangothini lokubasiza bangene. Ufanele ubhekisise, kuyoba nekamelo eligcwele phama, niyabo. Kodwa ukungena nokubakhulekela, sithola incwadi iphendulwa, ngeposi, ukuthi leyondoda iphiliswe ngokuphelele kulowomdlavuza wamaphaphu ayo. Owesifazane, inkosikazi isesihlalweni esinamasondo, isisukumile, ihambahamba iphile saka nje njengalokho yayilokhu injalo. Indoda enomopho omningi wa—wamaphaphu, osuka exhwaleni, isisinde ngokupheleleyo. Nomkayo usesindile ezilondeni. Bobane baphiliswa, ngqo! Ngiyamangala ukuthi amaphephandaba abengavuma yini ukushicilela lokho. Niyabo? Niyabo? Niyabo? O! Kodwa uNkulunkulu usalokhu enguNkulunkulu. Wenza izinto nje ngendlela yaKhe uQobo, niyazi, futhi Muhle kakhulu. Sijabula kakhulu ukwazi ukuthi UnguNkulunkulu.

17 Sasixoxa ngokunye ukusa ngomshumayeli omncane esimaziyo, owayevame ukuhambahamba, akhulekele abagulayo nayo yonke into. Futhi wahamba wayesekhulekela umuntu esibhedlela eLouisville, nodaba lwexhwala, inenekazi lafa. Umfo omncane wathi, "Awu, akukho-sidingo . . . uNkulunkulu aka . . . Akukho-Nkulunkulu. Ubeyoligcina iZwi laKhe." Wathi, "Ngimgcobe nje njengoba—njengoba iBhayibheli lasho. Uma Engaligcini iZwi laKhe, Akasuye uNkulunkulu." Wathi, "Liyincwadi nje."

18 Manje, lokho bekungabonakala kanjalo ngaphandle uma ubumazi uNkulunkulu. Leyo yingxenye yemiBhalo, kodwa akusikho konke okomBhalo. Kuphezu kwezisekelo zokukholwa komuntu ngamunye. Niyabo?

19 Futhi ngatshela umkami, ngathi, "Kube nezinto eziningi kakhulu ezenzekayo, engaziyo nje ukuthi ikhona. Angazi ukuthi kuzokwenzekani kimi ekupheleni. Ngingahle ngihambe ngendlela efanayo. Uma uNkulunkulu eke wasusa isandla saKhe sesihawu kimi, ngiyohamba ngendlela efanayo. Kodwa inqobo nje uma Ezogcina isandla saKhe sesihawu nokuqondisa siphezu kwami, ngizoqhubeka." Kodwa ngabuza uMeda, ngathi, "Ubani owayesekamelweni ngalokho kusa emva kombono ngami ngibona intombazanyana yami, uSharon na?"

20 Empeleni, ngoluny'usuku, kwathi angiquleke. Ngangihlezi esitaladini. Futhi niyayazi indaba yami yombono ngaye, kamuva. Futhi ngabuka, oza ngakimi, futhi nakho kuza itshitshi lehla ngesitaladi lapha eJeffersonville, kwakufana nje impela njengalowombono. Ngadingeka nje ngizibambe ngizihlanganise ngqi izandla zami. Kwakubukeka kufana kakhulu impela nalowombono kaSharon wami omncane! Wayeyintombi ngaleyonkathi.

21 Futhi emva kwalowombono ngalokho kusa, ngenkathi eNkazimulweni, ngi . . . UHope wayengitshela, wayegaxe ingalo yakhe ehlombe lami, ethi, "Ungakhathazeki ngathi, Bill. Singcono kakhulu." Ngangizama nje ukuzibulala. Wayesethi, "Ungakhathazeki. Ngethembise ukuthi ungeke usakhathazeka."

22 Ngase ngithi, "Ngeke ngakwethembisa, Hope, ngoba ngi—ngi—ngi . . . ngiyakhathazeka. Angikwazi ukuzibamba."

23 Ngase ngiphuma embonweni, ngimi ekamelweni elimnyama. Futhi kungesiwo umbono, kungesikho ukucabangela, kodwa ingalo yakhe yayisalokhu ingigaxile. Futhi wayengimbambatha. Ngacabanga, "Awume kancane. Lokhu akusikho . . ." Angazanga ukuthi ngikubize ngokuthini ngalezozinsuku, umbono. Ngakubiza ngesiyezi. Ngathi, "Lokhu yi . . . Isandla sakhe sisalokhu silapho." Ngathi, "Ulapha, Hope na?"

24 Wathi, "Bill, ngethembise ukuthi ungeke usakhathazeka ngami noSharon." Isizathu, ngangisekupheleni komgwaqo. Ngase ngilungele ukuzibulala.

Ngathi, "Ngiyakwethembisa." Wayesengisingatha, wayesengimbambatha ngesandla sakhe.

Ngase-ke ngi—ngithi, "Hope, ukuphi na?" Ngathola . . . ngaphumputha phezulu, ngaze ngathola iketango elincane elambini ngase ngilidonsa. Ngahamba-hamba, ngacinga kuzo zonke izihlalo, ukuba ngibone ukuthi ngabe wayehlezi lapho yini.

UnguNkulunkulu. UnguNkulunkulu kakhulu impela nje, namhlanje, njengoba Wayenjalo eNtabeni yokuGuquka esinye isimo ngenkathi kubonakala uMose noElija. Usalokhu enguNkulunkulu.

25 Singahle sedlule ezinqwabeni zezinkathazo nezivivinyo. Khumbulani nje, ukhona Omunye Owaziyo, okhanyisa indlela, akwenze kube yikho ngempela. Angazi ukuthi yini esemva kwekhethini. Kodwa ngazi into eyodwa, ngijonge emgomeni wokubizwa kwaphezulu, nsuku zonke, ngizama ukuphilela lesosehlakalo esikhulu esiyokwenzeka ngoluny'usuku; lapho ngiyoMbona khona, ubuso nobuso, futhi ngixoxe indaba, "Ngasindiswa ngomusa." Yilolosuku engiluphilelayo. Ngishiya lezozinto ngemuva, ezikhona, ngifuna ukujonga phambili, ngilokhu ngihamba nje.

26 Ngifuna lelitabernakele, manje ukuthi nimi ngezinyawo zenu, ngifuna nilokhu nijonge emgomeni wokubizwa kwaphezulu. Noma ngabe nenzani, namathelanani, nisondelane kakhulu ngakho konke eningakwenza, kodwa njalo nivule ingalo, ukuba nelule isandla futhi nithole omunye othize, ukuba nibangenise. Kodwa kulokhu ukuKholwa esikushumayela manje nesiqinisa ukukulwela, ningagudluki nge intshi elilodwa kuKho. Ngokuba, uma ningikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe, lolu wuhlelo lukaNkulunkulu. Akusoze kwaba seningini. Kuyoba sedlanzaneni njalo, bekuhlala kunjalo futhi kuyohlala kunjalo. Kodwa, khumbulani, kulotshiwe, "Ningesabi, mhlambi omncane; kuyintando enhle kaYihlo ukuninika uMbuso."

27 Manje, kuneqembu lezikhundla zebandla lethu, amadikoni, abaphatheli, umphathi kaSonto sikole, abelusi, njengoba ibandla lethu lihlelwe ngokwenqubo. Futhi nina, abantu, nakhetha lezizikhulu nalomelusi. Mina nje ngingumbonisi omkhulu, ngibona ukuthi kuhamba kahle yini, nokunikeza iseluleko nokunye nokunye. Yini okhetha umelusi wenu, nikhetha abaphatheli benu, nikhetha amadikoni enu, nikhetha zonke izikhundla ezikhona kulelibandla; nina, abantu. Futhi kungumsebenzi omiselwe nina ukuma eduze kwalawomadoda, niyabo, ngokuba ayowenza amaphutha. Angabasazofa. Angamadoda nje, futhi ayowenza amaphutha. Kodwa uma uMengameli waseUnited States enza iphutha, ngabe simlahlela ngaphandle, njengoMengameli na? Siyakhohlwa yikho bese siqhubeka. Yileyondlela esifuna ukwenza ngayo ibandla lethu manje. Bengimlalele ekhulekela, imizuzu embalwa edlule, lawomadikoni. Nokuzwa emuva lapho, ubufakazi, emnyango, obuvela kubaphatheli, ukuthi ngokuzwana kunye nonke nikanjani. Manje hlalani ngaleyondlela. Manje, nina malunga yimani eduze kwalababaphatheli, amadikoni, nomelusi. Futhi khumbulani, uma nihlanganisa lokhu ndawonye, khumbulani ukuthi ngumsebenzi kaDeveli ukubona ukuthi lokho kuyabhidlika. Manje bekuhlala kunjalo futhi kuyohlala kunjalo. Kodwa yimani eduze kwezikhulu zenu, naleyo bekuyingxoxo ebengizoyenza.

28 Futhi manje-ke nginakho futhi lapha okunye . . . into ethize yebhodi lezaziso kulokhu ukusa, mayelana nomhlangano

wezigungu negunya lazo. Futhi kuzoba sebhodini lezaziso. Futhi nginekhophi kaMfowethu Roberson, ongusihlalo wede-. . . wabaphatheli. Bese kuthi-ke nginekhophi kaMfowethu Collins, ngiyacabanga, obambe njengosihlalo wesigungu samadikoni. Futhi manje, zonke lezizikhundla zihlelwe ngokomBhalo, futhi zifanele zibe nemigomo yangokomBhalo yalokho abafanele bakwenze. Ngakho-ke, abaphatheli unesikhundla sabo uqobo. Namadikoni linesikhundla sawo uqobo. Umphathi kaSonto sikole unesikhundla sakhe uqobo. Nomelusi uyinhloko yomhlambi.

29 Manje, ngamunye walaba uhlanganyela izinto. Futhi ngicabanga ukuthi umhlangano wenu ufanele ungabi ndawonye, kodwa ufanele ube njengesikhundla ngasinye, ngoba amadikoni alinalutho angalusho kubaphatheli ngaphandle uma enomsebenzi othize wokwethulwa kubo. Nangapha nangapha, abaphatheli wengamele izimali nezinto zesakhiwo; abahlangene ngalutho namadikoni. Amadikoni angamaphoyisa ebandla, nabasizi kumelusi. Nabaphatheli ngukuphathwa kwayo yonke impahla. Abaphatheli akahlangene ngalutho nesiphetho sokomoya sakho, nomdikoni akahlangene ngalutho nesiphetho sezezimali sakho. Ngakho-ke, kufanele. Nomphathi kaSonto sikole wengamele uSonto sikole wakhe. Ngakho nginakho konke kubhaliwe, kwathayishwa, ukuba kube sebhodini lezaziso.

30 Bese kuthi-ke futhi sizothola, efremini, iMfundiso ibandla eliyimeleyo, futhi ngibe naYo ifrenywe phakathi lapha, endlini yokukhonzela; esikumeleyo, i—imigomo, iMfundiso yebandla. Manje, ukuba yibandla, sifanele sibe nemfundiso.

31 Asidwebi phansi noma yiziphi izikhonkwane, futhi sithi, “Sihamba nje sigcine *lapha*.” Siphuma nje kangaka nje, nenhlanganyelo nawo wonke umuntu, uNkulunkulu ayosivumela sihambe, emiBhalweni yaKhe, nabantu. Futhi manje namathelanani, yibani kuzwana kunye, nhliziyonye, futhi niqhubekele phambili nenzele uNkulunkulu. Yileyondlela uNkulunkulu afuna siyenze.

Manje asikhuleke, bese-ke sivula iZwi.

32 O Nkosi eligugu, manje sesizovelela eZwini lobuNkulunkulu, noma ukufundwa kwaleliZwi. Kwangathi uMoya oNgcwele waKho ungahumusha kithi lokho esikudingayo. Futhi masikhulume, Nkosi, futhi senze futhi siphile, sazi ukuthi sonke singabantwana baKho, ngomusa, njengoba Usibizile. Kwangathi kungaba nenhlanganyelo kulelibandla, sibona ukuthi sesizothi nje siqhamukele emnyakazweni othize omkhulu, siyezwa, ngokukhulisa abanye abefundisi ukuba baphumele emasimini alapho, uma Uzongithumela ezingxenyeni ezehlukene zezwe, lapho ukuba ngiqinise ukuKholwa, nokuba ngibe nomfundisi olungele novumayo, noqeqeshelwe ukuthatha. Futhi kwangathi

ukuKholwa okwethulwa kwabangcwele kwaba-kanye, esikumele ngobuqhawe, kube yindingilizi ezweni jikelele. Siphe khona, Nkosi. Kwangathi lenqwaba yokhula oluncane, njengoba kwakunjalo ngoluny'usuku ngenkathi silunikela kuWe, kwangathi kungaba nebandla eliphakama lapha, Nkosi, ukuthi kulo kuyohamba abavangeli nabafundisi nezithunywa zenkolo, baye kuzozonke izingxenye zezwe.

33 Besingacela, kulokhu ukusa, isibusiso esikhethekile sowethu uMfowethu noDadewethu Stricker ogulayo manje. Kodwa siyazi ukuthi sonke sifakwa kulokhu ukuhlolwa. Yonke indodana eza kuNkulunkulu imelwe ilaywe, ivivinywe. Futhi uma siyeka kalula, bese sibuyela emuva, khona-ke singabantwana besihlahla, futhi asisibo abantwana bakaNkulunkulu. Nika uMfowethu noDadewethu Stricker ukuqinia namandla, ukuba banamathele esikhundleni sabo somsebenzi abawumiselweyo. Uma bezodingeka banxibe noma yikuphi ukudla abakudlayo, makuthi isandla saKho sesibusiso sibe phezu kwabo. Ngokuba asazi kodwa kungahle kube ngawo wonke umzamo Ongawukhombisa owomdabu waseAfrika ukuthi uyini umKristu wangempela. Siphe khona, Nkosi. Manje konke makwenzeke ngokwentando yaKho.

34 Busisa lomelusi, uMfowethu Neville. Siyakhuleka, Nkosi, ukuthi Uzomenza umelusi wezimvu womhlambi, njengoba Ube naye ngokwedlule. Futhi singeyikhohlwe eyakhe ethandekayo, inkosikazi encane egula kakhulu. Isitha sithanda ukushiya uMfowethu Neville naleloqembu labantwana, lingenamama, kodwa simi futhi sibeka, ngokukholwa, iGazi likaJesu Kristu phakathi kwalesositha nodadewethu. Kwangathi uMoya waKho, Nkosi, ungaba mkhulu phezu kwakhe, ngokwazi ukuthi bonke abesifazane bagcotshelwe ukuhamba behle badabule lesisigodi, sobumnyama balonyaka, kodwa siyakhuleka ukuthi Uzoba naye. Busisa labobantwana abancane. Uzoba nokwethuka manje, futhi ateteme, kodwa kwangathi uMoya oNgcwele ungaba semnyango wesihawu, ngazo zonke izikhathi, ngalowomndeni.

35 Busisa isigungu sethu sabaphatheli, owethu uMfowethu Wood, nowethu uMfowethu Egan, uMfowethu Roberson, nabobonke babanye, Nkosi. Amadikoni, abaphatheli, nawo wonke lowo obambisene ebandleni, siyakhuleka, Nkosi, ukuthi Uzobavumela basebenzele isikhathi sabo abasinqunyelwe ngobungcwele no—nokulunga. Busisa labo, Nkosi, osebenze ezikhathini ezedlule. Futhi siyakhuleka ukuthi Uzoqhubeka ukuba ube nathi sonke, ukuthi sizokwaziwa njengebandla lobunye, noMoya nothando lweNkosi. Siyakhuleka manje ukuthi Uzosabela iZwi, njengoba sidinga, njengoba sifunda eZwini laKho elilotshiwe. Ngokuba sikucela eGameni likaJesu. Amen.

36 Futhi ekukhulekeni, bengicabanga njengoba besibusisa noma ngokucela izibusiso ngokwethu kwesimanje. . .isigungu sethu esisha sabaphatheli nokunye nokunye, bengicabanga

ngowethu uMfowethu Fleeman noMfowethu Deitzman nabo behlezi lapha, osebenzele kahle, ngokungaphambili. Futhi sifuna ukuba nokubonga kuNkulunkulu ngomsebenzi wabo wokwethembeka. Kwangathi iNkosi ingaba nabo njalonjalo, ukubabusisa nokubasiza. Ngifuna ukufunda ngaphambi... Khumbulani nje manje, ibhodi lezaziso nokunye nokunye, nemihlangano ezayo.

37 Futhi siyajabula ukuba nathi, kulokhu ukusa...Awu, ngingahle ngikusho kanje, indoda ebiligugu kakhulu kimi, ezikhathini ezedlule, neligugu manje, umfowethu olungileyo, uFred Sothmann, wase...nomkakhe, baseSaskatchewan, eCanada, olapha ukugogobala nathi, esizweni sakithi, ogogobeleyo; kodwa esenhlanganyelweni yethu, umfowethu othandekayo, uMfowethu Sothmann ehlezi lapho. Ungiphathela umkhankaso ngenkathi ngangiseCanada.

38 Nomunye umfowethu oligugu naye owayengumCanada ngaphambilini, owayengusomabhizinisi, futhi angafakazisa ezweni ukuthi ungeke wapha wedlule uNkulunkulu. Yena noshomi wakhe babumba isisekelo sezezimali sokwakha indawo, noma semishini yaphesheya, isisekelo. Futhi bangibizela eOakland, ngomhlangano, futhi bathi babenayo imali. Babezowuxhasa wonke, esisekelweni sabo.

39 UMfowethu Fred nami sakuzama lokho ngemali ethize uMfowethu Fred ayenayo, ukuthi angiyikuyithatha njengomuntu ngamunye. Ngakho manje-ke sanquma ukuthi siyoyinika abantu baseCanada futhi singathathi ngisho nomnikelo, kodwa akuhambanga kahle kangako. Imihlangano yaba kahle. Kodwa ngoba asiwuthathanga umnikelo... Angikhathali uma ibandla libiza amadola ayizigidigidikazi eziyikhulu, nisalokhu niwukweleta, kuNkulunkulu, ukuthatha umnikelo. Leyo yingxenye yokukhonza. Futhi niphanga lokho...Njengoba impela nje bengimelene nemali nezinto ezinjalo, ngiyathola, uma indoda inephutha, ungavele nje uvume ukuthi unephutha, ngoba uMfowethu Fred nami sikubonile kungaphumeleli kahle kangako.

40 Futhi, Mfowethu Borders, ngenkathi ngishiya uMfowethu Fred futhi ngehlela kuwe eOakland, ngathi, “Ungakwenzi. Dlulisa ipleyiti lenkongozelo nje, uqoqe umnikelo, futhi, noma ngabe yini, ubuyisele esisekelweni sakho wenzele omunye umhlangano ndawondawo.”

41 Futhi ngaphambi kokuba izinkonzo zivalwe, uMfowethu Border nabangani bakhe bafika kimi, base bethi, “Impela njengoba nje siwufake e—emhlanganweni, usuvele uqoqiwe.”

42 Kwase kuthi-ke, ezinsukwini ezimbalwa ezedlule, wenza amalungiselelo omhlangano eSan Jose, eCalifornia, lapho ayenamanye, ngiqagele amashumi ayisithupha noma amashumi ayisikhombisa amabandla esigodini azozonke

izinkolo ezehlukene zonke zibambisana. Saba nomhlangano omangalisayo, futhi sibuyela emuva futhi, ngoNovemba. Siyajabula ukuba nibe nathi, Mfowethu Borders noMfowethu Fred nihlei emuva lapho. Nalamadoda yizihambi mhlawumbe kini nonke, kodwa abe ngabafowethu abaligugu kimi phandle emasimini, elwela ngokuqinisa ukuKholwa esikumeleyo. UNkulunkulu akubusise, mfowethu. Siyajabula ukuba nawe kulokhu ukusa, kwelincane, itabernakele elidala lapha. Alibukeki kangako. Kodwa kunento ethize lapha, ukuthi, siyazi ukuthi uNkulunkulu uhlala lapha, niyabo, ngakho siyajabula ngalokho. Futhi kunabanye abazalwane abaligugu, ukuba benginesikhathi sokubasho, onathi namhlanje.

43 Manje ngimagange futhi ngikhulekela ukuthi ezinsukwini ezimbalwa ezizayo, iNkosi ithanda, ngifuna ukuhamba, ngizwa ngiholeleka . . . angikasenzi isimemezelo. Umhlangano olandelayo, ukuya eOhio, ukuba noMfowethu Sullivan, ezinkundleni zokukhempa, phakathi nesikhathi esifishane. Kungamamayela athi awabe yikhulu enhla lapho, ngiqagele, Gene, into ethize efana naleyo. Kube luhambo oluhle, awukalihleli iholide lakho, uma iNkosi iqhubeka nokusihola. Indoda ekahle kakhulu, futhi siyamthokozela uMfowethu Sullivan, okuningi kakhulu. Nje i . . . Uyimeya yedolobha. Wayeyimeya esandakuphuma nje, futhi nje umKentucky oyifeshini endala. Yilokho kuphela engingakusho ngaye. Ngenkathi ngihlangana naye ngoluny'usuku e . . . Sobabili sakhulela ezansi lapho ezintabeni zaseKentucky. Wathi kimi, "Usenawo yini ungiyane wakho entanyeni yakho, Billy na?" Manje niyazi ukuthi uyiKentucky ekanjani—kanjani. Manje asiphenye e . . .

Kungesikho ukubabukela phansi abazalwane bami baseKentucky lapha, uMfowethu Jefferies, nokunye nokunye. NgingumKentucky, nami, niyazi. Ngizonitshela into eyodwa esiyiyo. Asisibo abaseKentucky, noma kanjalo asisiwo amaMelikana. Singabafokazi nezihambi. Sifuna uMuzi ozayo.

44 Manje okokufundwa, asifunde eNcwadini kaEksodusi, imizuzu embalwa. Ngifisa ukufunda esahlukweni 23, nevesi 20 kuya kwelama 23, nalo. Futhi ngifuna ukuthatha indikimba kulokhu ukusa, kokufana nalokhu, kwalokhu, njalo: *UkuKhululwa Okuphelele*. Futhi angizukuthatha isikhathi eside, ngikhuluma, manje ngenkathi ngisalinde nina ukuba niphenye eNcwadini yenu nesahluko.

*Bheka, ngiyathuma iNgelosi phambi kwakho, ukuba ikulondoloze endleleni, ikuyise endaweni engiyilungisileyo.*

*Yiqaphele, ulalele izwi layo, ungayicunuli; lokhu ayiyikuthethelela iziphambeko zenu: ngokuba igama lami likuyo.*

Ngiqinisekile ukuthi inhlangano iyazi ukuthi yayingubani leNgelosi. "IGama laMi likuYo."

> Futhi *uma ulalela nokulalela izwi layo, ukwenze konke engikukhulumayo; ngiyakuba-yisitha sezitha zakho, ngiphambane nabaphambana nawe.*
>
> *Ngokuba iNgelosi yami izakuhamba phambi kwakho, ikuyise kuwo ama-Amori, . . . amaHeti, . . . amaPerizi, . . . amaKhanani, . . . amaHivi, namaJebusi: ngiyakubachitha.*

45 Kwangathi iNkosi ingabusisa iZwi laYo njengoba sikhuluma manje okwemizuzu embalwa, uma nikhuleka. Bengicabanga ngalendaba, yokuthi: *UkuKhululwa Okuphelele*.

IBandla belise—sedlanzaneni. Liyohlala linjalo, ngamalunga, kuze kufike uJesu. Kodwa Liphila phansi kwamathuba aLo eliwaphiwe nguNkulunkulu. Ukuba kuphela besazi, leli yiBandla likaNkulunkulu ophilayo; akusilo iTabernakele likaBranham, kodwa iTabernakele likaBranham liyingxenye yaLo nje. Akhona amanye amatabernakele anjalo ezweni lonke.

46 UMfowethu Snelling, kulobubusuku, unenkonzo yombhaphathizo. Ngikhohliwe uMfowethu Curtis ungitshele ukuba ngikumemezele lokho, noma ungitshele izolo, ubenayo. Unenkonzo yombhaphathizo. Futhi uma noma ubani lapha engakaze abhaphathizwe, namanje, ngani, uMfowethu Snelling ubengakujabulela ukwenza lokho, kulobubusuku. Leyo yiHoliness Tabernakele eUtica. NoMfowethu Junior Jackson, eNew Albany. Futhi kunamaningi amabandla anjalo ezweni lonke. Kodwa sonke siphila, kubonakala kunjalo, ngasohlangothini olwehluliwe, kakhulu, noma kancane.

47 Ngimzwile uMfowethu Neville ememezela kulokhu ukusa, emuva lapho, ukuthi kuthi ukufika emqondweni wami, ukuthi abantu kubonakala sengathi bayaqhela ekukhululweni. Kubonakala kuba yinto ethize, ukuthi, abantu bakubonile, ngakho nje bakufuqela ngaphandle eceleni, "O, awu, uNkulunkulu angakwenza." Kodwa leso akusiso isimo sokuziphatha.

48 Manje, uMose, ngenkathi ebizwa nguNkulunkulu, wayengophelele, umprofethi ophelelisiwe.

Ngenkathi uNkulunkulu ethuma indoda ukuba yenze noma yini, Uyihlomisa ngokupheleleyo ngayo yonke into enokuyidinga. Uma uNkulunkulu ebiza indoda ukuba ibe ngumshumayeli, Ufaka into ethize kuyo ukuba ishumayele ngayo. Uma Eyibiza ukuba ibe ngofundisayo, Ufaka into ethize kuyo ukuba ifundise ngayo. Uma Eyibizela ukuba ibe ngumprofethi, Ufaka into ethize kuyo, ukuba ibone imibono nokuba ibe ngumprofethi. UNkulunkulu njalo uyihlomisa ngokupheleleyo indoda yaKhe.

Futhi yilokho nje Akwenzile ngenkathi Ethuma uMose eGibhithe. Wamkhulisa ngendlela ethize. Futhi Wamfundisa isikole ngendlela ethize, futhi Wambumba, futhi wamenza, futhi wamlungisa. Emva kokuba Wayesethembise uAbrahama, amakhulu eminyaka ngaphambili, ukuthi Wayezokhulula abantu, manje-ke Wa—Wayenakho emqondweni ukuthi Wayezokwenza uMose ngendlela nje uMose enziwa ngayo. UMose wayengumprofethi ophelelisiwe. Kwase kuthi-ke, engumprofethi ophelelisiwe, manje-ke . . .

49 Njengawe nje, uma ungumKristu, uNkulunkulu akenzi noma yimaphi amaKristu aphakathi nendawo. UNkulunkulu wenza amaKristu aphelelisiwe. UNkulunkulu akenzi abashumayeli abaphakathi nendawo, kodwa umshumayeli angaba phakathi nendawo. NoNkulunkulu wenza abantwana baKhe babe ngamaKritu, kodwa ngezinye izikhathi bangumKristu ophakathi nendawo. Kodwa akusiyo inhloso kaNkulunkulu ukuba wona abe ngaleyondlela. Yizindlela zawo uqobo ezithole ukuxovana necebo likaNkulunkulu ngempilo yawo, futhi yilokho okuwenza abe ngendlela ayiwo. UNkulunkulu akawafuni ukuba abe ngamaKristu aphakathi nendawo, noma abashumayeli abaphakathi nendawo, bexegisa kunoma yiluphi uhlangothi, noma . . . Uwafuna ukuba ame ngokupheleleyo esikhaleni.

50 Manje, uMose, uNkulunkulu wayemenze umprofethi ophelelisiwe, enzela ukukhululwa okuphelelisiwe. NoMose wayezinikele ngokupheleleyo ezandleni zikaNkulunkulu. Yingalesosizathu kwamenza waba yilokho ayeyikho. Wayepheleliswe kakhulu kuNkulunkulu uNkulunkulu waze wakwazi ukumethemba.

51 Ngiyamangala, kulokhu ukusa, njengamaKristu, uma siyinikele intando yethu uqobo, futhi sazinikela thina ngokuphelelisiwe kakhulu kuNkulunkulu, uNkulunkulu aze akwazi ukusethemba indawo Asibeke kuyo. Ngiyamangala, kulokhu ukusa, ngami uqobo, uma bengingazinikela kakhulu kuNkulunkulu uNkulunkulu waze wakwazi ukungethemba, wakwazi ukwethemba uMfowethu Neville, wakwazi ukwethemba isigungu sethu sabaphatheli, isigungu samadikoni ethu, noma amalunga ethu ebandla lethu. Sonke sinendawo, futhi sinomsebenzi esiwumiselweyo.

52 Umfundisi unendawo yomsebenzi awumiselwe, ukuma futhi ashumayele ingcebo kaKristu engaphenyekiyo, ngaphandle kokuxegisa, uma ebizelwa ukuba ngumshumayeli. Ubengeyeke neyodwa into ngomuntu oyedwa, uma ebizelwa ukuba ngumshumayeli.

53 Nelunga lebandla, libizelwa ukuba yilunga laleliqembu elithize, khona-ke belingeke laxegisa. Uma ibandla likholwa ukuthi sifanele singagembuli, khona-ke lelolunga lifanele

lingasithinti neze isitaki samakhadi. Asikholelwa ekuphuzeni, lifanele lifulathelise ikhanda lalo ngokupheleleyo ekuphuzeni. Uma singakholelwa ekugembuleni, noma ukubhema, ilunga lalelibandla lifanele lingayithinti neze into enjalo. UNkulunkulu unikeza ukukhululwa okuphelelisiwe. Nxa si . . .

Uyokwenza uma sizozinikela ngokuphelele kuYe. Uma sizozikhulula ngokuphelele esandleni saKhe, khona-ke uNkulunkulu angaphila kithi. UKristu, iThemba leNkazimulo, Angazibonisa Yena uqobo ekithi lapho sideda thina uqobo endleleni. Khona-ke imicabango yethu iyimicabango yaKhe. Ungathini nje uKristu ebhema isigazu? Ungathini nje uKristu ephuza, noma edlala amakhadi? Khona-ke uma umoya wakho uyingxenye yoMoya waKhe, Ufuna ube phezu kokuvuma kwakho. Kodwa nivumela uDeveli angene bese engamela. Futhi ngaso sonke isikhathi, enhliziyweni yakho, phansi le ekujuleni, uyazi ukuthi unephutha uma wenza lezozinto.

Futhi nxa ilunga elilodwa lingakhuluma limelane nelinye ilunga, niyazi ukuthi lokho kuyiphutha. Niyayalwa ukuba nikhulekelane, hhayi ukuba nikhulume ngokumelana omunye nomunye, kodwa ukuba nithandane. Futhi uma omunye ephansi, asimphakamise, simsize. Manje, lokho kusenza sibe yi—yi—yiqembu elihlangene ngobunye lamakholwa. Manje, nxa singakulaleli lokho, khona-ke asimlaleli uNkulunkulu futhi siyamcunula uNkulunkulu. Futhi ngakho-ke, ibandla lethu, abantu bethu ngeke baphumelela, ibandla ngeke laqhubekela phambili, yingoba asihlangene ngobunye, ndawonye. Njengoba uJesu wathi, "Imvubelo encane ibilisa inhlama."

54 Manje, uma isigungu sebandla, noma njengama—madikoni, engafika bese ethi besifanele si . . . ecabanga ukuthi besifanele sakhe itabernakele elisha. Uma lelo kuyivoti lamadikoni, nabaphatheli bethintwa futhi bengenayo imali yokukwenza, khona-ke banohlelo lokwakha njengoba sinalo luqhubeka manje. Bese kuthi-ke luthathwe luyiswe ezethamelini zonke, njengoba sifanele, lonke ibandla lingelizibusayo. Khona-ke uma ibandla livotela itabernakele elisha, khona-ke sonke sifanele sibambisane ndawonye ekwakheni lelotabernakele elisha.

55 Ngokukhuluma ngokusobala, qobo lwami, ngenkathi bekhuluma ngetabernakele elisha, kimi, ngangimelene nomcabango. Kunjalo. Ngathi, "Asilidingi ngempela itabernakele elisha. Ngizothi mhlawumbe ngishiye lapha masinyane impela, njengoba iNkosi . . . uma kuyilokho Eyangikhombisa khona kufezeka. Yini esiyidinga ngetabernakele elisha na? Asinayo imali."

56 Ngase-ke ngehla futhi ngezwa umuzwa webandla, ukuthi ibandla, ngeningi, labonakala lilifuna. Ngase ngenzani-ke na? Ngayiyeka imicabango yami uqobo ngase ngiphosela phakathi nebandla. Impela, asikwenze. Uma . . . Yileyondlela

esenza ngayo izinkatho, yileyondlela okwakungayo ngesikhathi seBhayibheli, indlela ibandla elalivota ngayo. U—ukuzibusa, amaqembu abantu, bayahlangana. Ebunyeni kukhona ukuqina. Ngakho, ngakho-ke, ngathi, "Impela, uma leyo kuyindlela ibandla elifuna ngayo, uma lokho kuyikhona uNkulunkulu akufunayo, Unegunya elikhulu lokuvota phakathi kwalo lonke iqembu labantu kunoma Enalo kimi, ngoba anginambono ukuba ngithi akufanele." Ngakho siphosela phakathi nebandla, bese sihamba nebandla. Futhi ngisemva kwalo, ukwenza konke engingakwenza, niyabo, ukusiza ibandla.

57 Leyo kufanele kube yimpokophelo yawo wonke umKristu nawo wonke umuntu ebandleni, kungokuba sizihlanganise ngobunye thina uqobo futhi sinamathelane. Noma ngabe yini ibandla eliyivotelayo, yilokho esifanele sikumele. Bese-ke sithi, isibonelo nje, ukufuna ukushintsha into ethize ebandleni. Awu, manje-ke, uma abaphatheli efuna, i. . . omunye othize efuna, amadikoni, afuna ukushintsha into ethize, lokho kuza phambi kwebandla, ibandla ke lindawonye. Futhi uma owethu—uma umbono wethu lapha ubonakala uthe ukwehluka kancane kunalokho ibandla lonke elikushilo, asiwuyeke lowombono, ngoba yileyondlela kuphela esingama ngayo sihlangene ngobunye. Futhi uma lelibandla lizovele nje liqhubeke ngendlela eniqhubeka ngayo manje, futhi nihlangane ngobunye ndawonye, uNkulunkulu uzo. . . Akunamnqamulo, Ayokwenza, uma siyonamathelana ndawonye. Sifanele sinamathelane ndawonye. Sifuna ukuba kanjalo-ke, siphheleliswe kakhulu omunye nomunye, bese kuthi-ke siphheleliswe kakhulu ezandleni zikaNkulunkulu.

58 Khona-ke sifanele sibe nendoda esikholwa ukuthi ishumayela iZwi likaNkulunkulu. Uma indoda ingakwenzi, khona-ke tholani omunye okwenzayo. Yileyondlela esifanele sime ngayo. Uma isigungu sabaphatheli singayikuma ngalokho okulungileyo, khona-ke ngumsebenzi wenu ukukhetha omunye oyomela lokho okulungileyo. Futhi manje-ke nxa nikwenza, hlalani ngakho. Kukini. Yimani ngakho. Futhi, sonke kanyekanye, simele Into eyodwa, lowo nguNkulunkulu.

59 Uma ilunga lenza iphutha, ningalenqabi. Lisizeni. Livuseni. Yibani ndawonye, nibe nokukhulumisana. Yilokho umBhalo okushoyo. Uma senza iphutha, asiye phambi kukaNkulunkulu. Ngaphambi kokuba singaya phambi kukaNkulunkulu, sifanele siye phambi komuntu esimlimazile.

60 Ngadingeka ngikwenze nje lokho. Futhi ngiyazi ukuthi ngenza okungalungile. Ngaqamba amanga, ngabangela umkami ukuba aqambe amanga. Ngikholwa ukuthi nginitshelile ngakho, lapha ebandleni. Kwakuyizinsuku ezimbalwa, kungekudala, sekube cishe amaviki ayisithupha edlule. Abameli babengidabule bangiqeda, ngalokhu ukuphenywa, kwaze kwal'khuni ukuthi ngazi lapho engangikhona.

Ngangisanda kuya ekhaya nje ngivela eofisi, ukuba ngiyodla idina. Nenombolo yefoni yasekhaya yakhala, noMeda waya kophendula ifoni. Wabeka isandla sakhe phezu kwayo, wathi, "Yilabobameli futhi."

61 Ngathi, "Bengingeke ngisakumela okunye ukuhlwa. Ikhanda lami kuthi alisuke. Ngilahlekelwa yingqondo yami, bengidonsela ngapha nje, nangapho, nangapha." Ngathi, "Ngeke ngakumela." Ngase ngigxuma ngiya phezulu, ngase ngithi, "Batshele ukuthi angikho phakathi lapha," ngase ngigijima ngizungeza emva kwendlu.

62 Ngenkathi sengibuya...uMeda ungozihluphayo kakhulu ngalezozinto. Wahlangana nami emnyango, ethi ukukhala. Wathi, "Bill, leyo bekuyinto efanele ukuba uyenze na?"

63 Uyazi ukuthi ukanjani. Ngiyazi ukuthi ngikanjani. Ngathi, "Impela. Bengingekho phakathi lapha ngayo leyonkathi." Ngangazi ukuthi uNkulunkulu wayengilahle ngecala ngakho. Ngathi, "Bengingekho phakathi lapha ngayo leyonkathi."

Wathi, "Kodwa ubuphakathi lapha ngenkathi eshaya ucingo."

64 Ngaleyontambama ngaya kokhulekela ingane egulayo. Futhi ngingakasuki endlini, ifoni yakhala futhi, noJoseph omncane wagijimela ngale wayeseyibamba ifoni wayesethi, "Babayi, ufuna ngibatshele ukuthi awukho lapha?" Niyabona ukuthi isono sonakalisa kanjani, kwakuyoba mndeni muni lowo ekugcineni na?

65 UJohane wokuQala, isahluko 5, nevesi 21, wathi, "Uma inhliziyo yethu ingasilahli, khona-ke sinokwethemba kuNkulunkulu." Kodwa uma inhliziyo yethu isilahla, singaba kanjani nokwethemba kuNkulunkulu na? Siyazi, inqobo nje uma sinesono esingavunyiwe, Akasoze asizwa. Lokho kuqinile, kodwa, kungukuthi—kungukuthi—kungukuthi, ibandla liyazidinga lezizinto.

66 Ngase-ke ngiqala ukukhulekela lengane. Futhi ngenkathi ngiqala ukubeka izandla zami phezu kwayo, iNkosi yangisola yase ithi, "Uqambe amanga. Awukufanele ukukhulekela leyongane."

67 Ngasuka endodeni. Ngathi, "Mnumzane, linda lapha nje. Nginento ethize engifanele ngiyilungise."

68 Ngambiza ummeli ngase ngehlela eofisi, ngambiza angene. Ngathi, "Buka, mnumzane, ngiqambe amanga. Ngaqambisa umkami amanga. Uthe bengingekho phakathi lapho, ngase ngigijimela phandle emva kwendlu." Futhi ngakuhlambuluka ngase ngimtshela ngakho.

69 Wenyuka wayesebeka izandla zakhe ehlombe lami. Wathi, "Mfowethu Branham, bengihlala njalo nginokukwethemba,

kodwa senginakho ngokwedlulele kunanini manje, indoda," wathi, "evuma ukulungisa okungalungile kwayo."

70 Ngamtshela, ngathi, "Ngiqale ukukhulekela ingane, neNkosi yavele yangilahla ngecala nje, enhliziyweni yami, ngoba bengazi ukuthi ngenze okungalungile."

71 Kwathi-ke, ngosuku olulandelayo, unkosikazi wathi, "Uyaphi na?"

Ngathi, "Emgedeni wami."

72 Futhi ngenyukela emgedeni wami, enhla ngaphezu kweCharlestown, lapho bengiya khona, iminyaka. Ngangena lapho, futhi ngakhuleka lonke lolosuku, "O Nkulunkulu, ungangivumeli neze ngenze into enjengaleyo futhi. Ngithethelele, Nkosi, ngokuba ngenkathi ngiqala ukubeka izandla zami phezu kwabantu abagulayo, ukuba ngikhuleke, khona-ke ngalahlwa ngecala." Sekulapha cishe kwelesithathu nqo kusihlwa, ngiyaphuma. Kunedwala elikhulu elibekwe ngaphandle lapho. Ngase ngikhwela kulelodwala futhi ngangibuka phezulu ngasempumalanga, nezandla zami ziphakeme, ngidumisa iNkosi. Futhi kwakuthule nje cwaka phakathi lapho. Ngase ngithi, "Nkosi, uma nje Uzo . . . Ngesinye isikhathi Wedlula ngakuMose, futhi wathi kwakuyi . . . ngenkathi Umfake emfantwini wedwala, futhi kwabukeka njengengxenye yomhlane womuntu." Ngathi, "Ubungakwenza futhi, Nkosi na? Ngazise ukuthi ngithethelelwe." Ngase ngithi, "Uma Uzongisiza futhi ufike emqondweni wami . . . " Ngathi, "Nkosi, angiqinile kakhulu, ngokwengqondo, ngoba anginamfundo." Ngathi, "Futhi ngi—ngizama ukuKukhonza. Uyayazi inhliziyo yami, futhi angizange . . . bengingafanele ngikwenze lokho. Bengingaqondile ukwenza lokho. Ikhanda lami kwaba sengathi nje lalisuka, nganginovalo kakhulu, futhi ngikwenze ngokuzuma kwesikhashana ngenkathi uSathane engibamba." Ngathi, "Uma Ungithethelela, mangiKubone, ke, Nkosi."

73 UNkulunkulu enguMahluleli wami; ngaphezu nje ngqo kohlangothi lwami, indawo encane ezihlahlaneni iqala ukuvunguza njengoMoya ovunguzayo, futhi Uza ngqo ngasohlangothini lomgede lapho engangikhona, wase wehla udabula emahlathini. O, mfowethu, ukuthula okudlula ukuqonda konke kwashwibeka phezu kwami, ngase ngikhala. Ngakhala izinyembezi. Ngamemeza. Ngiyazi izono zami ngathethelelwa zona. Niyabo, ngehlukaniswa ebunyeni noNkulunkulu, angibanga nakho ukukhululwa kwengane.

74 Ngi . . . Futhi ngalo lona lolosuku olulandelayo kwakukhona indoda evela eChicago, eyindoda enkulu, iKatolika elisanda kuphenduka, amavalvu enhliziyweni yayo yayivuvukele njengeshubhu langaphakathi elifuthiwe, futhi babekade bezama ukuwanquma aphume isikhathi eside, wayezokwenza,

futhi yayingabavumeli. Ekugcineni yathola ingxoxiswano. Lezozingxoxiswano, sahlala nakho ngqo size sithole ukuthi yini engalungile. Nendoda yathi nje isanda kungena, uMoya oNgcwele waze wabuyela emuva phansi empilweni yayo wase uyiphosela inselelo kwenye into ethize eyayiyenzile ngenkathi isengumfana wase altare ebandleni eliKatolika. Yathi, "Lelo yiqiniso. Lelo yiqiniso elimsulwa." Yathi, "Uqonde ukuthi lokho kwakumelene nami na?"

Ngathi, "Lelo yilona thunzi kuphela engingalibona empilweni yakho."

75 Yabuyela enhla yayisitshela udokotela, wathi, "Kulungile, hlanganisa izinto ndawonye manje, sizoba nokuhlinza."

76 Udokotela wathi, "Sizohlola lokho kushaya okudala futhi." Futhi ngenkathi ekubuka, wathi, "Awudingi ukuhlinzwa." Niyabo?

77 Uma izinhliziyo zethu zisilahla ngecala, sifuna ukukhululwa okuphelelisiwe. Asifuni ukuba phakathi nendawo, bandla. Sifuna ukuba yibandla langempela noma singabi-bandla nhlobo. Sifuna ukuba amaKristu angempela noma singabi amaKristu nhlobo. Sifuna ukukhululwa okuphelele emikhubeni yethu, ezonweni zethu, ekucabangeni kwethu okubi, ekwenzeni kwethu okubi, ebudedengwini bethu, noma ngabe yini esiyenzile. Sifuna ukukhululwa okuphelele, ukuze kuthi uma abantu bengena kulelibandla, ukuba bakhulekelwe, kuyoba yileliqembu nje (mhlawumbe lingabi ngaphezu kwekhulu, noma amabili) lihlezi lapha, kodwa bayoba sezandleni zikaNkulunkulu ngokupheleleyo. Futhi uma sikhuleka, khona-ke uNkulunkulu uyozwa eseZulwini. UNkulunkulu ufuna omunye Angambamba ezandleni zaKhe, omunye Angathi, "Nginokumethemba. Ngingathuma lena, inceku yaMi egulayo, kwiTabernakele likaBranham eJeffersonville, naleloqembu labantu likuzwana kunye." Into ethize izokwenzeka.

78 Awu, bukani ukuthi Usenzelani esimweni esikuso. Ubengenzani ukuba besinhliziyonye nokuzwana kunye na? Indlela kuphela esingenza ngayo lokho, ngukuhlanganisa izinhliziyo zethu ngobunye ndawonye ngothando lobuzalwane, silalele izikhulu zebandla, nomelusi, nomelusi alalele uNkulunkulu. Khona-ke uNkulunkulu usebenza ngomelusi, ngesigungu, kuya phansi ebandleni, futhi sonke ndawonye singubunye obubodwa eMbusweni kaNkulunkulu. Khona-ke uNkulunkulu uyokuzwa, uma sineqembu elihlangene ngobunye. Maningakhathazwa yilutho. Ningesatshiswa yinoma yini.

79 Manje, yilolohlobo lomuntu uNkulunkulu alugcobela ukudla izwe. UMose wayephelelisiwe, wayeyindoda eyayingaxegisi. Uma kwakukhona ukukhathazeka nokuqophisana, nokunye nokunye, wayengaxegisi. Yilokho uNkulunkulu asifuna khona manje.

80 UFaro wayefuna ukuvuma, wathi, "Mose, nonke ningahamba, futhi, kodwa, nishiye abantwana benu ngemuva, noma nishiye ezinye zezinkomo zenu emuva lapha."

81 Yileyondlela uDeveli afuna umKristu eze ngayo. "Kuzoba kahle kuwe ukujoyina ibandla, kodwa ungamthetheleli neze uJones. Kuzoba kahle uma ungangenisa okwakho . . . uma ungahamba . . . Awudingeki ukuba ukuyeke ukubhema kwakho, ukuphuza kwakho, ukuqamba amanga kwakho, ukweba kwakho, ukusola kwakho, ukuhleba. Awudingeki ukuba ukuyeke lokho. Joyina ibandla nje."

82 Kodwa uMose wayengesuye umxegisi. Wayefuna ukukhululwa okuphelelisiwe. Wathi, "Asiyikushiya neyodwa inselo ngemuva. Siyothatha yonk'into engeyethu, uma sihamba ukuyokhonza iNkosi."

83 Yileyondlela ibandla elifanele libe yiyo. "Siyothatha ukulunga. Siyothatha ubungcwele. Siyothatha uMoya oNgcwele. Siyothatha iqembu elihlangene ngobunye uma siya ealtare. Siyoba yiqembu langempela. Asiyikushiya lutho ngemuva. Siyothatha yonk'into. Akuyikubakho neyodwa inselo esala emuva lapha." Niyazi, nabantu bangakhuleka ngangokuthi uDeveli uyoze adele.

84 Yileyondlela uMose neqembu lakhe abenza ngayo. Bawelela lapho base bebangaphansi kweGazi. Naqaphela, baze baba ngaphansi kweGazi, kwakungekho ukukhululwa okuphelele. UMose, qobo lwakhe, wahlanganiswa ngobunye noNkulunkulu, kodwa uIsrayeli wayengenjalo. Kwakusalokhu kukhona isono. Futhi bakhonona ngokumelana noMose, base bethi, "Ngani, ukwenzelani lokhu na? Uletha eningi inkathazo phezu kwethu." Imbangela, uFaro wavele nje waphinda kabili isibalo esiqoshiwe sabo sezitini, nokunye nokunye. Lowo kwakunguMose; wayesezandleni zikaNkulunkulu ngokupheleleyo, ekhululwe ngokuphelele esuka ekweluseni izimvu, ukuba aye ekweluseni izimvu zikaNkulunkulu. Wayekhululwe ngokuphelele, qobo lwakhe. Kodwa abantu wayengakhululiwe, ngoba kwakuselokhu kukhona ukukhonona phakathi kwabo.

85 Ngobunye ubusuku ngenkathi uNkulunkulu emisela ukuthi iwundlu lifanele libulawe, umfanekiso kaKristu, negazi lacwiliswa kwihisopi, okungukuthi, ukhula nje (abajwayelekile, abathobile), lase libhecwa phezu kwekhothamo lomnyango nasezinsikeni, lokho yingenkathi uIsrayeli eba ngokhululwe ngokupheleleyo, kungekho nselo esele ngemuva. Konke okwakungokwabo kwakhululwa. Imindeni yabo, abathandekayo babo, nayo yonke into yakhululwa ngenkathi ngokupheleleyo befika ngaphansi kwegazi.

86 Lokho kungenkathi ibandla liyokhululwa ngokupheleleyo, ngenkathi yonke into ifika ngaphansi kweGazi. Ngenkathi izono

zakho zifika ngaphansi kweGazi, ngenkathi ukubhema kwakho, ngenkathi ukugembula kwakho, ngenkathi ukukhohlisa kwakho, ngenkathi ukweba kwakho, ngenkathi ukuqamba amanga kwakho, ngenkathi yonke into ilethwa ngaphansi kweGazi, khona-ke kuyoba ngukukhululwa okuphelele. Ukhona omenze okungalungile, kulungise. Ungeke wakuletha lokho ngaphansi kweGazi, akuyikuhlala. Ungeke wakuletha. Into ethize ayiyikukuvumela ukwenze. Ngenkathi wena uqobo ngokupheleleyo, ngokuphelele usulethwa ngaphansi kweGazi, kuyobakhona ukukhululwa okuphelele; khona-ke uyoba nenkululeko sengathi awukaze uyazi ngaphambili. Ngenkathi yonke into ilethwa ngaphansi kweGazi, ilethwa ekuthobeleni uMbuso kaNkulunkulu, khona-ke kuyoba khona ukukhululwa kwangempela.

87 UJesu wayengokupheleleyo, ngumuntu ngokuphelele. Wayekhala njengomuntu. Wayedla njengomuntu. Wayekhathala njengomuntu. Wayengokupheleleyo, ngumuntu ngokuphelele, ebukhoneni baKhe bokomzimba. Futhi eMoyeni waKhe, Wayengokupheleleyo, nguNkulunkulu ngokuphelele, ngakho Wenza inyama yaKhe ithobele uMoya owawukuYe. Niyabo, Walingwa ngandlela zonke njengoba sinjalo. Wayengumuntu, engesiyo iNgelosi. Wayengumuntu. Wayenezifiso nezilingo, njengoba senza nje. IBhayibheli lathi Wakwenza. Wayengumuntu, engesiyo iNgelosi engaphezu kwesilingo. AmaHeberu 1 asho, ukuthi, "Waye. . ." AmaHeberu 1:4 athi, "Wenziwa waba-mncinyane kuneziNgelosi." Wayengumuntu, umuntu ngokupheleleyo; ukuthi uNkulunkulu wathatha umuntu ophelelisiwe, ukuletha ukukhululwa okuphelele, futhi WaMgcwalisa ngoMoya waKhe. UMoya oNgcwele wawukuYe, ungenasilinganiso. Futhi Walingwa njengoba sasinjalo. Futhi WayenguNkulunkulu ngokupheleleyo. Wakufakazisa ngenkathi Evusa abafileyo, ngenkathi Emisa imvelo, izilwandle ezidumayo nemimoya evunguzayo enamandla. Ngenkathi Ekhuluma emithini, nokunye nokunye, kwaMlalela. WayenguNkulunkulu, ngaphakathi. Futhi Wayengaba ngumuntu, ngokuba Wayengumuntu, kodwa ngokuphelele nangokupheleleyo Wazikhulula Yena uqobo (njengomuntu) ezandleni zikaNkulunkulu, enzela inkonzo kaNkulunkulu.

88 Futhi Uyisibonelo sethu. Singabesilisa nabesifazane. SingamaKristu futhi. Uma Eyisibonelo sethu, asizikhululele thina uqobo ngokupheleleyo ezandleni zikaMoya oNgcwele, ukuze sibe yizikhonzi zoMbuso kaNkulunkulu.

89 Wayengumuntu ngokuphelele; WayenguNkulunkulu ngokuphelele. Kodwa Wanikela ngezingxenye zaKhe zokwemvelo kwezaKhe. . .nezingxenye zaKhe zokomzimba, nokucabanga kwaKhe uqobo, nokwenza kwaKhe uqobo, neminako yaKhe uqobo, futhi, "Ngenza lokho kuphela okuthokozisa uBaba." Nakho lapho okhona. Ekhululwe

ngokuphelele ezidalweni ezingabantu. Abapristi bafika kuYe, amadoda amakhulu, base bethi, "Rabi, u*s'bani-bani*," futhi bazama ukuMthenga angene ezinhlanganweni zabo namahlelo. Kodwa Wayekhululwe ngokuphelele ngoba Wethembile kuNkulunkulu.

90 Akashongo yini umHubi ukuthi, "UyakuMkhulula, ngokuba Wethembile kiMi ngokupheleleyo"? Niyabo? "Ngiyakumkhulula Othandiweyo waMi ezinjeni, ngoba Wethembile kiMi."

91 Ngelinye ihora ngenkathi sesifika ekupheleni kohambo lokuphila, ngifuna kube okwami. Ngiyazi nifuna kube ngokwenu. Ngifuna Athi, "Ngiyakumkhulula emihlathini yokufa, ngokuba wethembile kiMi. Ngiyakumkhulula ethuneni, ekuseni kokuvuka, ngimkhulule ngokuphelele, kanyekanye umphefumulo, umzimba, noMoya, ngoba wethembile kiMi."

92 Yonke imisebenzi kaJesu wawuphelelisiwe. Yonke into yayiphelelisiwe, ngokuphelele, ikhululiwe. Ngokuphelele wakhulula onochoko ochokweni. Ngokuphelele wakhulula owesifazane enomopho, ekopheni kwakhe. Ngokuphelele wakhulula izwe esonweni, ngenkathi Efa ngosuku lokubuyisana. Ngokuphelele wakhulula sonke isono. Wakhulula iBandla. Ngakho asikho isidingo kithi ukuba siphile phansi kwabangenanhlanhla, abantu. Asikho isidingo kithi ukuba siphile esimweni esehluliwe, ngoba Wehlula uDeveli futhi wathatha yonke imibuso namandla, futhi wayinqoba phansi kwezinyawo zaKhe, futhi ayinamalungelo angokomthetho ukuba ibuse phezu kwenu. SingamaKristu, agcwaliswe ngoMoya oNgcwele. Asidingi ukuba si phoqe-. . . sibe noDeveli asiphoqelele. UKristu wasikhulula, ukukhululwa okuphelele; wasikhulula kokubi, wasikhulula esonweni, wasikhulula emikhubeni, wasikhulula ekukhulumeni, wasikhulula e—ebushingeni, wasikhulula kuzo zonke izinhlobo zezinto eziyinhlamba. Wasikhulula ngokuphelele wayesesifaka ezandleni zaKhe ezingcwele; okupheleleyo, ukukhululwa okuphelele.

93 Wakhulula ukugula kwethu. Wasikhulula ekuguleni, ngokuba sinencwadi yesibopho ehambisana nomthetho eyincwadi ewubufakazi kulokho. Haleluya! "Ngokuba Yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu, ngemivimbo yaYo siphilisiwe thina." InguMphilisi wethu. Yingakho lowo ompofu, omncane, owesifazane onepholiyo, ezama ukunakekela umyeni obulawa ngumdlavuza, wahamba wangena emazingeni eBukhoneni bukaNkulunkulu. Wayenokukholwa. Futhi u. . . Odokotela babenze konke ababengakwenza, ngakho walandela iziyalo zikaNkulunkulu futhi wakhululwa ngokuphelele.

94 Abafundi babenokukhululwa okuphelele, ngokoqobo ukukhululwa okuphelele. Ngani na? Ngoba babegcwaliswe ngokupheleleyo nangokuphelele ngoMoya oNgcwele. Ngenkathi

wena, ilunga lebandla nje futhi waxhawulana nomelusi, noma omunye...waba nolunye uhlobo lwesehlakalo esincane sokugxuma, ukumemeza, noma ukukhuluma ngezilimi, noma enye into ethize; futhi ube usalokhu unobubi enhliziyweni yakho, izenzo ezixakile, uqamba amanga, ubhema osikilidi, ukhanukela abesifazane; ikhona into ethize esuke ingakenzeki nokho. Ikhona into ethize engalungile. "Ngokuba othanda izwe, noma izinto zezwe, uthando lukaNkulunkulu alukho kuye." Ubudukisiwe. "Niyakubazi ngezithelo zabo."

95 Sonke sifuna ukuhlanganiswa ngobunye ndawonye, ngoMoya oNgcwele. Lonke ilunga lifanele lihlanganiswe ngobunye, elinye nelinye. Uthando lukaNkulunkulu lutheliwe ezinhliziyweni zethu, ngoMoya oNgcwele. Lusihlanza kukho konke ukungalungi. Sikhululwa ezintweni zezwe. UJesu wathi, "Lokhu bonke abantu bayakukwazi ukuthi ningabafundi baMi, uma ninothando, lomunye komunye." Ngenkathi ilunga elilodwa lithanda elinye ilunga kangangokuba beliyokufela.

96 Ngenkathi into ewububi obubodwa iqala, izwe elingaphandle, abanye besifazane bayafika bese bethi, "Manje, buka, s'thandwa. Bekungangcono kuwe uma wenze *lokhu*, noma wenza *lokho*, wagqoka *lokhu*, noma wenza *lokho*, noma wenze *lokhu*, futhi wasuka kulesosigejane sabagingqiki abangcwele," noma okunye kanjalo, sihlanganiswe kakhulu ngobunye noNkulunkulu!

97 Wena uthi, "Awu, Mfowethu Branham, kuyisilingo esibi kabi." Kodwa uKristu wafela leyonhloso. UDeveli wehluliwe. Sifuna ukukhululwa okuphelele. Sifuna ibandla elimsulwa nelihlanzekile nelingenasici, neligezwe eGazini leWundlu, futhi lagcwaliswa ngoMoya oNgcwele, nezibonakaliso nezimanga nezimangaliso. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]... ngokuphelele ukhulula wonke'umuntu. [Akuqoshwanga eteyipini].

98 Nkulunkulu othandekayo, Awuzithathi izinto ngaphandle uma ikhululwe ngokuphelele. Wawungenakuwemukela umhlatshelo onesici kuwo. Wawungasoze wawemukela umkhuleko, ukuthi kunesono emuva ekuphileni kwalowomuntu. Nje Wawungeke ukwenze, Nkosi. Awukwenzanga eminyakeni eyadlulayo, futhi Ungeke wakwenza namhlanje. Kodwa umhlatshelo ufanele ungabi nasici. Nkosi Nkulunkulu, njengoba sizibeka thina uqobo ealtare, ukuphila okuhlatshelwe, susa kithi, O Nkosi, zonke izici zesono. Ngiwubeka ngokupheleleyo umphefumulo wami, nomzimba wami, nokuqina kwami, imizamo yami, nalelibandla kulokhu ukusa, ealtare. Sihlanze ngeGazi laKho, futhi usithethelele kuzozonke izono esizenzile. Futhi kwangathi uMoya oNgcwele omkhulu ungahlala kithi kakhulu kakhulu, noBukhona baKhe buhambe nathi sisuka kulelitabernakele kulokhu ukusa, ukuthi sizokwazi phakathi kwethu uqobo ukuthi Usesithethelele. Khona-ke umkhuleko

uzoba ngukuthi, "Usithethelele iziphambeko zethu njengalokhu nathi sibathethelela labo abaphambuka kithi." Siphe khona, Nkosi.

99 Yiba Wena seduze kwethu manje, sibusise futhi usigcine size sibuye sibonane futhi enkonzweni yakusihlwa. Kwangathi singangena sinezandla ezihlanzekile nenhliziyo emsulwa, ukuthi Awuzukwala, ngokuba sifuna ukukhululwa okupheleleyo nokuphelele kunoma yini, Nkosi, ezosigcina ekubeni ngukukhanya kwezwe; isibani esibekwe egqumeni, kungabi yisitsha esingaphezu kwaso, kodwa isibani esibekwe egqumeni, esinikeza ukukhanya ukuqondisa izinyawo zabantu endleleni efanele. Siphe khona, Baba. Sikucela eGameni likaJesu, nangeNkazimulo yaKhe. Amen.

100 Ngizocela uDoc . . . ngicabanga ukuthi usemuva lapho, noma omunye wamadikoni okhona. Ukuze ibandla lifunde lokhu, Doc, woza ufake lokhu ebhodini lezaziso ukuze ibandla likwazi ukukubona lapho bephuma. Bese kuthi-ke uMfowethu Collins, uma elapha . . . Ngabe uMfowethu Collins uphakathi na? Mnike lokhu okunye.

101 Futhi, kulungile, mnumzane, futhi sizobona ukuthi yini . . . [UMfowethu Branham uthi ukuyeka futhi ngokuthula ufunda inothi—Umhl.] Ngomunye efuna ingxoxiswano. Lokho kunikezwa njalo. Siyajabula.

Futhi nginezingxoxiswano. Niyabo, into oyenzayo ngukushayela inombolo yethu phandle lapho. Sa—saba nenkathazo eningi kakhulu enhla endlini, ibandla liyakwazi. Lona yizihambi. Ibandla liyazi ngakho. Kufanele kube nesiqephu esincane esibekwa . . . ngizoba naso sibekwe lapha ebandleni, futhi, senzelwe abafikayo. Niyabo, kunabaningi kakhulu, esingeke sabanakekela bonke, njengoba nje beza ngenombolo. Niyabo? Futhi si . . . Uma nje uzoshayela ethi BUtler 2-1-5-1-9, BUtler. [Inombolo katelefoni isishintshiwe.—Umhl.] Futhi noma yimuphi wamalunga obona noma ubani ofunayo, ngikujabulela njalo ukubona abantu. Kodwa sinenqubo ehamba ngokomthetho. Kunabanye asebevele beshayile, abaningana, niyabo. Futhi siza nje nga, ngamunye ngamunye, njengoba siza. Khona-ke kukhona . . . Kwakuvamise ukuthi, sasinohlobo nje lokushaya ngokuhlofuhlofuza, noma ikanjani, sitshekule, sigcogcome, abantu babeya ekhaya bedumele nayoyonke into. Manje banayo yonke into ihlelekile nje. Futhi yilokho esizama ukukhuluma ngakho manje, niyabo, sibeke yonke into ngokuhlelekile, ngokuphelele nje.

Futhi ngizojabula ukubona leliqembu elithandekayo, uma nje bezoshayela ethi BUtler 2-15-19 (1-5-1-9), noMnu. Mercier noma uMnu. Goad, oyedwa, uzoyiphendula ifoni bese enitshela nje ngqo ukuthi ningaba naso nini isikhathi sokubonana. Sinendawo phandle lapho, efakwe isishayisa-moya, futhi

silungele ukwemukela abantu futhi sibakhulekele. Siyajabula kuphela ukukwenza.

102 Manje, isizathu ngingezi ebandleni, abantu bacabanga ukuthi ngizama ukuqhela kubantu; akusikho. Ngizama uku—ukuba ngokuhlelekile ngqo. Niyabo? Yilokho engifuna ukuba yikho, nje ngeke kwakhombisa ukubheka-buso bamuntu. Umuntu ngamunye, noma ubani, nomaphi, noma nini, niyabo; ibala, inkolo akuhlangene ngalutho nakho. Siza khona lapho bese sihlangana nabantu. Futhi uma benesidingo, sihlala noNkulunkulu ngqo kuze kuxazululwe. Uma befuna ukwazi noma yini ngemihlangano, kusobala, siyakunakekela bese sikufaka efayeleni. Lokho kuphela kungukuholwa nguMoya oNgcwele. Nalokho yi. . .Leyondlela, ngicabanga ukuthi ilungile, kwenza wonke umuntu nje afane impela. Ngakho-ke, akukho-kubheka-buso bamuntu, akukho kubheka-buso.

103 Ubekhona yini abantu abazela ukukhulekelwa, kulokhu ukusa, obegula futhi wafuna ukukhulekelwa na? Kulungile. Akekho.

Manje-ke asicule iculo elimnandi lo. . .lokukhonza. Yini esingayicula kulokhu ukusa na? “Yini engasusa isono sami na?” Uyalazi, Teddy na? “Lutho kodwa iGazi likaJesu.” Yini enga . . .

[Udade ebandleni uxoxa ngenenekazi eligula kakhulu—Umhl.] Kulungile, mnumzane. Ufuna ukulikhulekela manje na?

Ngizolikhulekela lelonenekazi. Ngibeke izandla phezu kwalona wesifazane lapha. Ungalikhothamisa ikhanda lakho nami, ke, ngokuthula manje. [UMfowethu Branham usuka kwimayikhrofoni yepulpiti—Umhl.]

104 Nkulunkulu othandekayo, kunenenekazi eligula kakhulu. Udadewethu uphakamise umzimba walo, ngisho nokuthatha umdlavuza kwabanye, ukuba ame esikhaleni, enzela abanye. Kodwa Wamkhulula kulokho, Nkosi, ezinsukwini ezimbalwa ezedlule, ngenkathi lezozinto zaziwa. Makakuthole nje, qobo lwakhe, ke, Nkosi, uzokwazi ukuthi kuvela kuWe. Ngibeka izandla zami phezu kwakhe, futhi ngicela isihawu ngalowo omunye wesifazane ammeleyo. Kwangathi umusa kaNkulunkulu, aMandla kaMoya oNgcwele. . . Kukhona noma yibuphi ububi ezinhliziyweni zethu, Nkosi, bembule kithi, kuqala, khona-ke sizohamba, sibulungise. Khona-ke siyazi ukuthi sifumene umusa kuNkulunkulu, sinokuthula noNkulunkulu, siyakuthola esikucelayo, ngoba asinakho ukulahlwa. Siphe khona, Nkosi. EGameni likaJesu ngiyakhuleka. Amen.

Kulungile. [UMfowethu Branham ubuyela epulpiti—Umhl.]

Yini engageza isono sami na?
Lutho kodwa iGazi likaJesu;
Yini engangenza ngiphelele futhi na?
Lutho kodwa iGazi likaJesu.

O, igugu ngukuchichima
Okungenza ngibe-mhlophe njengeqhwa;
Awukho omuny ‘umthombo engiwaziyo,
Lutho kodwa iGazi likaJesu.

105 Bangaki ozwayo ukuthi zonke izono zakho zingaphansi kweGazi na? Asilicule nezandla zethu ziphakeme manje.

Yini engageza isono sami na?
Lutho kodwa iGazi likaJesu;
Yini engangenza ngiphelele futhi na?
Lutho kodwa iGazi likaJesu.

Manje njengoba sehlisa izandla zethu, asixhawulane sizungeze.

Igugu ngu . . .

Nakho-ke, nxa zonke.

. . . mhlophe njengeqhwa;
Awukho omuny’umthombo engiwaziyo,
Lutho kodwa iGazi likaJesu.

NiyaMthanda na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Amen.

O, ngimthanda kangak’uJesu,
O, ngimthanda kangak ‘uJe- . . .

Manje hlalani nakho, manje. Wonk’umuntu bambelelani kuNkulunkulu.

Ngimthanda kangak’uJesu,
Ngoba Wang’thanda kuqala.
Angisoze ngashiya . . .

